Wasiyana items of history
1 b
K13/20

s54 ~~AM/3/20~~ E. Msomi

1. <u>Zihlo6o.</u>

Umuntu owafika kuqala lapha ka Wosiyana kwela ka Sangwane uNotho6ela Msomi noMashiza Nzama.

I6utho la6o kwaku yizinyosi zasi funga zithi Shaka ka Menzi kushoke uMgumanqalowo iziNyosike lezo. Inkosi kwaku Mashiza uNothobela lokwa ku induna.

Wa6e sethi ke uNotho6ela enkosini ku Mashiza kukhona umfowethu uNoziwane ngi mushiye eMngeni ngiya6ona lelizwe lihle kakhulu ngisa phuthuma umfowethu naye ezelapha.

Ukuze ke abe konanje ke aMasomi nakakwaNzama asethembi ndoda engasi lamu lakulendawo thina Masomi ~~mkja~~ nje ngo6a nanga mhla inkosi uMashiza ihamba iya kwaMambulu kwasala thina Masomi.

Kushomina ngiyintokazi kashona ka Fonondo ka Hanisi ka Nozwane ka Hoqo ka Nhlokombi ka Nongezi ka Gwayi ka Lusi6angwe ka Bena ka Nomndayi ka Singila ka Ganah ka Thabela ka Msomi. Inkosi yakithi kwaku Hlombe. No Nyawode, no Mbiko. Mbiko Sasiyi: Qadi indlu yethu thina Masomi. Sa6aka Qa6e ka Mnguni ku njayo ke kusho inkonyane yoMnguni uzwakuthiwa Msomi nja Qwa6e ke lowo.

2. Naku o6esekungi li6ele kancane. uMadumbi ka Muvenqangi wathi sesifile isilo wanikwa inkomo inkosi eyona wabongwa ngayo.

3. Kwaka kwaphuma ingina enkulu laphakwa

<u>Wosiyana kuyo6ulawa iSilo.</u>

Inkosi eyayibusa ngaleso sikathi kwaku Sonkophe kufe uMgombane.

Wase uhlatshwa uMkhosi wesilo kwase kuphuma wonke uWosiyana uhloma. Lesi Silo sase siqede izinkomo lonke izwe sekuthi wanangu yalayekhona.

Wathi ke uMadumbe ka Muvenqangi mina ngiya khona use Muthangaleni layekhona iSilo ke leso kwaku ngashiwo ukuthi iSilo.

Wakwelake uMadumbi ka Muvenqangi wakwela ngo Muzungulu wayaphezulu emuthangaleni. Wabona ukuthi nangu indawo yokuphindela emuva kayikho naye kasenayo, sanengwa sezakuye sathukuthela, wathukuthela naye wakwe6ula umkhonto.

MMM /Sase................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

s54

Sase simudumela wathi uyasi gwaza awazewa ngena umkhonto samu6am6a ingalo abethi usigwaza ngayo 6ase6e6ambana ngamandla

4. sathi simuphonsa eweni wala ngamandla.

Yathukuthela inkosi lapha phansi ngo6a i6ona se6e6ulalana 6o6a6ili yakwela ngomzungulu nayo yafika 6e6ambene.

Isilo sithi simphose weni uMadumbi ale naso sale lapha'ethi nyasiphonsa sathi uku6a si6one inkosi sase si6uyela ngasenhla naye wala ukuya ngezansi, sase sivikangaye inkosi yasi bekela isulokusi gwaza yasigwaza sase siyamudedela uMadumbi inkosi x yambamba ngengalo uMadumbi sase siwela ngaphansi ku6antu 6asi 6ulala wasale waquleka uMadumbi sesimdle samqeda ingalo.

Nanamhla usekhona usegugile nje owaka Shangase isi6ongo sake uMadumbi ka Muvenqangi.

Waye nomandla ayisimangaliso.
Sino6uhlungu lesilwane o6u6i.
Isweleli lakwa Sangwane ka Wosiyana
Lapha lalinezi lwane.
Umlungu wayenge kho kwaku uMashiza no Mgombane.
uMgombane lo indodana ka Mashiza uSonkophe ulama
uMgombane wasefile uMgombane ngesikathi sika Madumbi.

END S.54.

MMM

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.